# Izintshumayelo zokuSebenzelana ekuZwaneni

## *13/2014 Intshumayelo ngesonto 04 emva komKhosi wePhifaniya, ngomhla ka 02 02. 2014*

**Egameni likaNkulunkulu onguYise, neNdodana, noMoya oNgcwele.**

1. Iculo 74/67

2. **Umkhuleko:** Nkosi Jesu, singcwelise ngeqiniso lakho; iZwi lakho liyiqiniso. Amen.

3. Iphistola ngohlelo lwesibili lilotshiwe 2 Korinte 1:8-11;

   Ivangeli ngohlelo lokuqala lilotshiwe ku-Marku 4:35-41.

4. Isivumo senkolo: Ngiyakholwa nguNkulunkulu uYise ...

5. Iculo -/121

6. Umkhuleko wakhe ofundayo intshumayelo

**7. Izwi lentshumayelo** ngohlelo lwesithupha lilotshiwe ku-Genesise 8:1-12, lithi: "UNkulunkulu wayesemkhumbula uNowa, nezilwane zonke, nezinkomo zonke ezinaye emkhunjini. UNkulunkulu wadlulisa umoya phezu komhlaba, amanzi abohla. Imithombo yotwa namafasitele asezulwini kwavinjwa, imvula yasezulwini yaphela. Amanzi ayesemuka njalo emhlabeni; emva kwezinsuku eziyikhulu namashumi ayisihlanu amanzi ancipha. Ngenyanga yesikhombi-sa ngosuku lweshumi nesikhombisa enyangeni umkhumbi wema ezintabeni zase-Ararati. Amanzi ancipha njalonjalo, kwaze kwaba-senyangeni yeshumi. Ngeyeshumi ngolokuqala lwenyanga iziqongo zezintaba zabonakala. Kwathi emva kwezinsuku ezingamashumi amane uNowa wavula ifasitele lomkhumbi abelenzile. Wathuma igwababa, lazulazula njalo, aze asha amanzi emhlabeni. Wayesethuma ijuba ukubona ukuba amanzi asenciphile yini ebusweni bomhlaba. Kepha ijuba lalingafumani ukuphumula kwamathe onyawo lwalo, labuyela kuye emkhunjini, ngokuba amanzi ayesesebusweni bomhlaba wonke; waselula isandla sakhe, walithatha, walingenisa kuye emkhunjini. Wabuye wahlala izinsuku eziyisikhombisa; waphinda walithuma ijuba emkhunjini. Ijuba lafika kuye ngakusihlwa; bheka, kusemlonyeni walo iqabunga lomnqumo elikhiweyo. Wase azi uNowa ukuthi amanzi anciphile emhlabeni. Wabuye wahlala izinsuku eziyisikhombisa; walithuma

ijuba; alabe lisabuyela kuye." Amen.

**8. Intshumayelo:** Bandla leNkosi, uNkulunkulu wayesemkhumbula uNowa, nezilwane zonke, nezinkomo zonke ezinaye emkhunjini. Siyafunda namuhla ngokuphela kukazamcolo; igcina kanjalo lendaba esabekayo. Abantu bonke bomhlaba wonke bayabhubha emanzini, kuphela uNowa nomuzi wakhe uyasindiswa. Singathini uma sizindla ngalokhu, na?

U-Isaya uyaloba uthi: Impela unguNkulunkulu ozifihlayo, wena-Nkulunkulu, Msindisi, (Isaya 45:15). Nokuthi: Ngokuba imicabango yami ayisiyo imicabango yenu, nezindlela zenu azisizo izindlela zami, usho uJehova, (Isaya 55:8). UJeremiya uyaloba, uthi: Ngokuba uJehova akayikulahla kuze kube-phakade. Ngokuba noma edabukisile, uyahawukela nokho ngokobukhulu bomusa wakhe, (Isililo 3:31-32). UPawulu uyahlanganisa konke lokhu, uthi: Yeka ukujula kwengcebo, nokuhlakanipha, nokwazi kukaNkulunkulu! Yeka izahlulelo zakhe ezingaphenyekiyo, nezindlela zakhe ezingaqondakaliyo! Ngokuba ngubani owawazi umqondo weNkosi na? Ngokuba ngubani owaba-ngumluleki wayo na? Noma ngubani owaqala ukuyipha ukuba kubuyiselwe kuye na? Ngokuba konke kuvela kuye, kukhona ngaye, kuya kuye; makube-kuye inkazimulo kuze kube-phakade. Amen, (Roma 11:33-36).

UNkulunkulu uthumela isidalwa sakhe sonke ekubhujisweni. Wenzelani lokhu na? UJehova wabona ukuthi ububi bomuntu bukhulu emhlabeni nokuthi zonke izizindlo zemicabango yenhliziyo yakhe zimbi njalo. Nokho uNkulunkulu wenza ukuqala okusha ngoNowa. Wenzelani lokhu na? UNowa wayetholile umusa emehlweni kaJehova. Yeka ubukhulu bemfihlakalo yezindlela zakhe! UNkulunkulu wayesemkhumbula uNowa, njengokuba wamkhumbula u-Abrahama, noRaheli, noHana nabanye. Singathi sithi: indaba kaNowa iyindaba yethu. Kanjalo uNkulunkulu wenza ukuqala okusha ngeNdodana yakhe uJesu Kristu.

UNkulunkulu wayesemkhumbula uNowa, kanjalo wabakhumbula abantu bakhe njengoba sizwile ngomKhosi wokuzalwa kukaJesu: Kepha lapho sekufikile ukuphelela kwesikhathi, uNkulunkulu wathuma iNdodana yakhe, izelwe ngowesifazane, izelwe phansi komthetho, ukuze ihlenge abaphansi komthetho ukuba samukele ukuma kwamadodana, (Gal. 4:4-5). UNkulunkulu wenza ukuqala okusha ngabantu bonke bomhlaba wonke. Njengokuba uNkulunkulu wayesemkhumbula uNowa usasikhumbula thina sonke kuze kube namuhla, uyakukhumbula wena, uyangikhumbula mina kuzo zonke izinsuku zokuphila kwethu.

UNkulunkulu wenza ukuqala okusha nathi sonke ngosuku lokubhapathizwa kwethu. Amanzi

omBhapathizo angamanzi okuphila avame umusa, angumgezo wokuzalwa okusha eMoyeni oNgcwele. Kusukela kumphostoli uPetru lendaba kaNowa ihlanganiswa nomBhapathizo, ngokuthi: ...lapho ukubekezela kukaNkulunkulu kubalindele ezinsukwini zikaNowa umkhumbi usakhiwa, abasindiswa ngawo abayingcosana, okungukuthi abayisishiyagalombili ngawo amanzi; enisindiswa ngawo manje nani ngomfanekiso, okungukuthi ngomBhapathizo... (1 Petru 3:20-21) Lokhu kuyinsindiso yethu, kuyinduduzo nentokozo engakhulumekiyo ngezinsuku ezinzima nakuzo zonke izinsuku zokuhamba kwethu lapha. Sibhapathiziwe. Singabantwana bakaNkulunkulu. UJehova wathi enhliziyweni yakhe: Angisayikuphinda ngiqalekise umhlaba ngenxa yabantu, ngokuba imicabango yomuntu mibi kwasebusheni bakhe; angisayikuphinda ngibhubhise konke okuphilayo njengalokhu ngenzile. (Gen. 8:21) Kanjalo usasihawukela kuze kube namuhla. Kanjalo uyalondoloza izwe lakhe nakho konke okusezweni kuzo izikhathi, nakusasa kuze kube ngosuku lokugcina.

UNkulunkulu uyasivumela lapha ukubona okusenhliziyweni yakhe. Sibonani khona? Uthando nomusa nobubele. Unokubekezela nesihawu. Uyasithanda nokho. Noma sinjalo kwasebusheni bethu. Uyasihawukela thina-zoni ezimpofu ezilahlekileyo nezilahliweyo. Usipha ithuba elisha, usipha ithemba, usipha ukuqala okusha. Noma sinjalo kwasebusheni bethu. Uyalondoloza impilo yethu lapha phansi, usipha ukuphila okuphakade lé kwelizayo. Usipha ukwenama konembeza ngokuthethelelwa kwezono zethu ezingenakubalwa.

UNkulunkulu uyathumela iNdodana yakhe ethandekayo ezelwe iyodwa uJesu Kristu ekufeni ukuba singafi thina. Manje ngiyazi, ngiyakholwa ukuthi: Angiyikufa, kepha ngiyakuphila, ngishumayele imisebenzi kaJehova. Kuzo zonke izinkathazo nakuzo izinkinga nezinhlupheko zalokhukuphila ngiyazi, ngiyakholwa nokho ukuthi uNkulunkulu ukhona, unguBaba wami othandekayo osezulwini, unguMsindisi womphefumulo wami, unguMduduzi wenhliziyo yami. Siyakubonga, Nkosi Kristu. Sihawukele, Nkosi Kristu. Amen.

9. **Umkhuleko:** Mninimandla-onke, Nkulunkulu ophakade, owalahla ngozamcolo ngokwahlulela kwakho okuqinileyo izwe elingakholwayo, wamlondoloza uNowa okholwayo nabo abakhe abayisikhombisa ngomhawu wakho omkhulu, waminzisa uFaro, owaba-nenkani, kanye nempi yakhe yonke oLwandle oluBomvu, wawelisa isizwe sakho sakwa-Israyeli somile, wakhombisa ngalokhu ukuthi kuyeza umgezo lowo womBhapathizo wakho ongcwele, wathi ngokubhapathizwa komntanakho othandekayo, iNkosi yethu uJesu Kristu, wangcwelisa wamisa iJordane kanye namanzi onke kube-nguzamcolo osindisayo nokugezwa okukhulu

ezonweni, siyanxusa ngomhawu lowo ongenamkhawulo ukuba umbheke uSibanibani lowo ngomusa, umsindise ngokukholwa okuyikho emoyeni, ukuze ngalozamcolo osindisayo kuminze, futhi kushone kuye konke, azalwa nakho kuvela ku-Adamu nabuye wakwenza yena uqobo; kuthi yena esahlukanisiwe esibalweni sabangakholwayo, agcinwe emkhunjini ongcwele wobuKristu ngokuhlala kahle nangokulondolozeka, akhonze njalo igama lakho evutha emoyeni ethokoza ekuthembeni, ukuba alungele kanye nabakholwayo bonke ukuzuza ukuphila okuphakade ngokwesithembiso sakho ngaye uJesu Kristu, iNkosi yethu. Amen. Umkhuleko weNkosi: Baba wethu osezulwini ...

10. Iculo 77/70

Ukuthula kukaNkulunkulu odlula ukuqonda konke makulondoloze izinhliziyo zethu nemicabango yethu kuKristu Jesu, iNkosi noMsindisi wethu. Amen.

Lentshumayelo ilotshiwe ngo-2013 ngu-.K. G. Tiedemann

Ukucindezelwa nokuthunywa kwezintshumayelo kuyasekelwa yinhlangano ethiwa: Lutheran Heritage Foundation.